



UDumisani ubhala indaba yephephabhuku lesikole.

Uxoxa nezingane zasesikoleni sakhe mayelana nezimo ezibhekane nazo ngesikhathi sobhubhane lwekhovidi.

Ukhuluma nabafundi ngesikhathi sekhefu.



“Wacabangani ngesikhathi uzwa ngegiwane lekhovidi okokuqala?” kubuza uDumisani.

“Abantu abaningi bakholelwa ukubona, hhayi ukuzwa. Ekuqaleni abanye babethi alikho leli gciwane,” kusho uMoses.



UMoses uyaqhubeka, “Abanye abantu bebangafuni ukulandela imigomo. Ngabatshela ukuthi sonke kufanele silandele imithetho yobhubhane lwekhovidi ngoba uma singayilandeli, igciwane ngeke liphele.”

“Ekhaya nasemphakathini wangakithi besiyilandela imithetho!” kungenela uZwanga.




UZwanga liwele likaMoses. UMoses ubuka uZwanga.

“Uqinisekile?” kubuza uMoses.

“Angisho ukuthi wonke umuntu emphakathini, kodwa abanye babo!” kudaza inkani uZwanga.

Abafundi bahleka bonke. Kwakunjalo kubo bonke.



“Yayiminingi imithetho nemigomo!” kusho uZwanga ngokukhathazeka.

Uyaqhubeka, “Ungazithinti ubuso, ungazithinti ikhala, ungazithinti umlomo, ungagibeli ibhasi eligcwele. Geza izandla zakho, sebenzisa isibulala magciwane, faka isifonyo, asingasondelani...”

UZwanga uphelelwa ngumoya.



UMoses wathi, “Ewu, uthaqa wezwe lo wokuqala ubunzima kakhulu!”

UDumisani ubuza iqembu, “Nibhekane kanjani nothaqa wezwe?”


UMpho uyaphendula, “Bekungekuhle neze! Ebesikwenza ukuhlala ekhaya sibuke umabonakude. Ekuqaleni wawungakwazi ngisho ukuphumela phandle.”



“Bekunzima ukutadisha ekhaya ngoba kunomsindo,” kusho uBusani.

“Bengingedwa. Bengifuna umuntu ozongichazela umsebenzi ebesiwunikezwa,” kusho uBongi.

“Nami bengibhekene nobunzima kakhulu emsebenzini wami wesikole,” kusho uMpho.



“Manje, kusho ukuthi nijabulile uma izikole sezivulwa?”
kubuza uDumisani.

“Ukucabanga kwami ngokuphindela ekilasini
kwakungukuthi akuphephile kahle ukuya esikoleni,”
kuphendula u-Andzani.

U-Abdul uyavuma, “Thina bafundi sinokungayilandeli
imigomo noma sikhohlwe.”




“Bengingacabangi ukuthi izikole kumele zivulwe,” kusho uBusani.

UMpho uthi, “Ngangijabule kakhulu ukubuyela ekilasini nasesikoleni.”

“Nami futhi!” kusho uMoses, uZwanga uvuma ngekhandanda.

“Yini ehlukile esikoleni manje?” kubuza uDumisani.



UMoses uyaqala, “Yinye vo into eshintshile esikoleni ngenxa yobhubhane lwekhovidi, lokho kuyi...”

“... konke kushintshile!” uZwanga uqedela umusho kabhuti wakhe.

Abangani babo bayahleka futhi bayavuma. Yakhala insimbi yesikole, bese kuyisikhathi sokuyofunda.



—Imibuzo

1. Wacabangani ngesikhathi uzwa okokuqala ngegciwane lekhovidi? Chaza.
2. Chaza la magama ngendlela yakho: ubhubhane, faka isibulala magciwane, uthaqa wezwe.
3. Thola amagama kule ndatshana aphikisana nalawa: phetha, khala, kuze, kuhle kakhulu.



Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona. Visit RX Radio